# UMHLAHLANDLELA WEZIFO NEZINAMBUZANE


| | |
|---|---|
| Umbasha | 4 |
| Isiwumba | 6 |
| Umabalabala | 8 |
| Amaqabunga aphuzi | 10 |
| Maize streak/ idube | 12 |
| Amaqhubu amaqabunga | 14 |
| Uvendle lomoba | 16 |
| Ukuvuthwa kwamaqabunga/ ukuhanguka | 18 |
| Ukulimala kwemithambo yamaqabunga | 20 |
| Imidwa ebomvu | 22 |
| Ukutshoda komoba | 24 |
| Ukubola okubomvu | 26 |
| Isifo uphayinaphu | 28 |
| Ukubola maphansi kwesiqu | 30 |
| Ukuthomba okunsundu | 32 |
| Ukuthomba okunsundu nokuphuzi (Tawny rust) | 34 |
| Ukuthomba okuphuzi | 36 |
| Umachashazi onsundu | 38 |
| Umachashazi oyindilinga | 40 |
| Umachashazi ophuzi | 42 |
| Umachashazi obomvu emaqabungeni | 44 |
| Umachasahazi osaliso | 46 |

# IZINAMBUZANE


| | |
|---|---|
| ❗ Isihlava i-Eldana | 48 |
| Ishlava i-Sesamia | 50 |
| ❗ Isihlava i-Chilo | 52 |
| Izintwala zomoba | 54 |
| Ithuku | 56 |
| ❗ Amaqhwagi noma izintothoviyane | 58 |
| Icimbi letashi/lopayi | 60 |
| Amaye/Amacimbi | 62 |
| Ibhu eligoqa amaqabunga | 64 |
| Izimbungulu zomoba/ Iscwebecwebe | 66 |
| Ubukhuphe | 68 |
| Umuhlwa | 70 |
| Imisundu elimaza izimpande zomoba | 72 |
| ❗ Ibhungezi elisasiginqabulongwe lomoba | 74 |
| ❗ Izimbungulu eziphuzi zamaqabunga omoba | 76 |
| ❗ Amaye (Fall army worm) | 78 |


❗ *Kungenzeka kudingeke ukungenelela (ngoko Mthetho olawula imbonikashukelawezi-1978) Xhumana nomeluleki, abethimba lezifo nezinambuzane (ku-0835612781)*

# Umbasha

## *Uhlobo*

- Igciwane: *Leifsonia xyli subsp xyli*

## *Izimpawu*

- Azikho izimpawu ezibonakalayo
- Izingoqo ezibhashile, insimu ibukeka ingalingani
- Olunye uhlobo lomoba luba namachashaza abomvu sakubansundu nemisinga eba lapho kuhlukana khona amalunga, ebonakala uma umoba usikiwe

## *Okunye ngalesi sifo*

- Amasampula asemasimini asolakala ukuthi ahlaselwe ilesi sifo kumele ayiswe kwa-SASRI

# Isiwumba

## *Uhlobo*

- Isikhutha: *Sporisorium scitamineum*

## *Izimpawu*

- Isiqu sikhula sibe side ngaphambi kokuba kwakheke okusasinswebhu
- Umoba ohlaselekile uba nesiqu esinesinswebhu esimnyama esiqhuma emaceleni
- Kwizixhanti ezihlaseleke kakhulu umoba ubukeka satshani

## *Okunye ngalesi sifo*

- Sitholakala kuyo yonke iMboni kaShukela kodwa sijwayeleke kakhulu futhi sinzima eNyakatho nesifundazwe.
- Ubusika obufudumele nobomile benza sibheduke kakhulu entwasahlobo

# Umabalabala

## *Uhlobo*

- Igciwane: *Sugarcane mosaic virus*

## *Izimpawu*

- Amaqabunga aluhwaqa ngokuluhlaza maphakathi
- Izixhanti ezihlaselekile zibukeka ziphuzi saluhlaza

## *Okunye ngalesi sifo*

- Izimpawu zibonakala kahle esinqeni samaqabunga asemasha

# Amaqabunga aphuzi

## *Uhlobo*

- Igciwane: *Sugarcane yellow leaf virus*
- Phytoplasma: *Sugarcane leaf yellows phytoplasma*

## *Izimpawu*

- Umqolo weqabunga ushintsha ube phuzi sakuba bomvu, lobu buphuzi busabalalela emaqabungeni
- Lobu buphuzi bugqame kakhulu kwiqabunga lesithathu kuye kwelesithupha

## *Okunye ngalesi sifo*

- Izimpawu zibonakala kakhulu kumoba osuvuthwa, okhahlamezekile
- Izimpawu azibonakali kalula kumoba okhula ezimeni ezinhle

# Idube (Maize streak virus)

## *Uhlobo*

- Igciwane: *Maize streak virus*

## *Izimpawu*

- Amashashaza amhloshana angaba u 1 - 20 mm ubude 1-2mm ubukhulu kodwa kungenzeka ahlangane, abemade aphinde abemakhulu samidwamidwa emaqabungeni
- Amashashaza abonakala ngaphezulu nangaphansi kwamaqabunga

## *Okunye ngalesi sifo*

- Xhumana neThimba Lezifo Nezinambuzane uma sitholakala lesi sifo

# Amaqhubu amaqabunga

## *Uhlobo*

- Igciwane *Fiji disease virus*

## *Izimpawu*

- Amaqhubu amhloshana asesinqeni samaqabunga amade ngo 2 – 50 mm
- Amathophisi ayinhlakanhlaka
- Amaqabunga amasha abamafishane aqonde
- Umoba uyabhasha

## *Okunye ngalesi sifo*

- Ngaphandle kwamaqhubu emaqabungeni izimpawu ziyaye zifane nezesifo sokuvandlazela kwamaqabunga (pokkah boeng)
- Xhumana neThimba Lezifo Nezinambuzane uma sitholakala lesi sifo

**Asikatholakali eNingizimu Afrika**

## Ukuvandlazela kwamaqabunga (Pokkah boeng)

### *Uhlobo*

- Isikhutha: Various *Fusarium* sp.

### *Izimpawu*

- Kubasaphuzi ezinqeni zamaqabunga asemancane
- Amaqabunga amancane ayashwabana aphinde agoqane
- Iqabunga lokugcina libamnyama lihlakazeke
- Ukufa kwekhanda lomoba kudala ukufa kwesiqu somoba uqhume emaceleni
- Kuba namashashazi asalata emaqabungeni
- Ukusikeka kwisiqu kungaholela ekulimaleni kwesiqu

### *Okunye ngalesi sifo*

- Simandla kakhulu ezindaweni ezishisayo futhi ezimanzi lapho umoba ungakhula khona ngamandla
- Singaphanjaniswa nomonakalo wezibulala-khula

# Ukuvuthwa kwamaqabunga (Leaf Scald)

## *Uhlobo*

- Igciwane: *Xanthomonas albilineans*

## *Izimpawu*

- Kuba nemidwebo emincane kuhle kweyepensela kumaqabunga amancane
- Amaqabunga aba mhloshana
- Amaqabunga ayabuna bese egoqana ngaphakathi
- Amehlo ogoqo lomoba okhulayo ayahluma
- Ukufa kwesinde lomoba ngokushesha kungenzeka

## *Okunye ngalesi sifo*

- Sitholakala kakhulu ezindaweni eziseNyakatho eziniselayo
- Xhumana neThimba Lezifo Nezinambuzane uma sitholakala lesi sifo

# Ukulimala kwemithambo yamaqabunga

## *Uhlobo*

- Igciwane: *Xanthomonas axonopodis* pv *vasculorum*

## *Izimpawu*

- Ukusha kweqabunga emaceleni
- Amaqabunga aba mhloshana

## *Okunye ngalesi sifo*

- Sitholakala ezindaweni ezinomswakamo omningi

# Imidwa ebomvu

## *Uhlobo*

- Igciwane: *Acidovorax avenae* subsp *avenae, Xanthomonas* sp

## *Izimpawu*

- Imidwamidwa ebomvu eqabungeni
- Leligciwane i-Acidovorax lingabanga ukubola eqabungeni lokugcina ogoqweni

## *Okunye ngalesi sifo*

- Ukubola kungabanga iphunga elingabekezeleleki
- Sivunywa isimo sezulu esifudumele esimanzi

# Ukubola komoba ubhicike (Sour rot)

## *Uhlobo*

- Isikhutha: *Phaeocytostroma sacchari*

## *Izimpawu*

- Ukubola okuphuzi sabomvu okumaphakathi ogoqweni
- Ingaphandle logoqo libaphuzi noma libe mnyama
- Ingaphandle logoqo lingaqina ngenxa yokubola okungaphakathi
- Kuba nephunga elimuncu

## *Okunye ngalesi sifo*

- Sitholakala maphakathi nesifundazwe kumoba okhahlamezekile
- Siholela ekulahlekelweni koshukela ogoqweni

# Ukubola okubomvu

## *Uhlobo*

- Isikhutha: *Glomerella tucumanensis*

## *Izimpawu*

- Amashashaza abomvana kumqolo weqabunga
- Ukuba bomvu kwengaphakathi lomoba
- Lezi zindawo ezibomvu kungenzeka zibe namachashaza amhlophe

## *Okunye ngalesi sifo*

- Kuhlobene nomonakalo odalwa isihlava kanye nokukayeka komoba
- Sitholakala kakhulu maphakathi nesifundazwe

# Isifo sikaphayinaphu sokubola (Pineapple sett rot)

## *Uhlobo*

- Isikhutha: *Ceratocystis paradoxa*

## *Izimpawu*

- Umoba awuhlumi kahle
- Amalunga aba bomvana uma usikwa phakathi umoba bese eba mnyama phakathi nendawo
- Iphunga elisa phunga lezithelo

## *Okunye ngalesi sifo*

- Sitholakala kakhulu uma izimo zokukhula komoba zingezinhle futhi uma umoba ungahlumi kahle
- Imbewu ephekiwe ingatheleleka uma ukuhluma komoba kuthathe isikhathi
- Zikhona izibulala-kukhutha ezibhalisiwe

# Ukubola maphansi kwesiqu

## *Uhlobo*

- Isikhutha: Basidiomycete

## *Izimpawu*

- Uyabhasha ungabi namahlumela kahle
- Ukubola okubomvu sansundu eziqwini zamahlumela
- Isikhutha esimhloshana phakathi kogoqo neqabunga

## *Okunye ngalesi sifo*

- Sijwayelekile kumoba osamncane entwasahlobo nasehlobo

# Ukuthomba okunsundu

## *Uhlobo*

- Isikhutha: *Puccinia melanocephala*

## *Izimpawu*

- Amashashaza ansundu angaba u 2 - 20 mm ubude x 1-3 mm ubukhulu
- Impova ensundu kumaqabunga amasenzansi
- Amasimu ahlaselekile aba phuzi okusansundu
- Amashashaza ayaqoqelana kwimaphezulu leqabunga

## *Okunye ngalesi sifo*

- Sijwayelekile kumoba osemncane onezinyanga ezinthathu kuya kweziyisithupha
- Lesi sifo sithanda indawo epholile futhi emanzi
- Singaholela ekulahlekelweni isivuno okukhulu
- Zikhona izibulala-kukhutha ezibhalisiwe

# Ukuthomba okunsundu nokuphuzi

## *Uhlobo*

- Isikhutha: *Macruropyxis fulva*

## *Izimpawu*

- Amashashaza ansundu angaba u 2 - 20 mm ubude x 1-3 mm ubukhulu
- Impova ephuzi kwingaphansi nengaphezulu lamaqabunga
- Amasimu ahlaselekile aba phuzi okusansundu
- Amashashaza ayaqoqelana kwimaphezulu leqabunga

## *Okunye ngalesi sifo*

- Sitholakala kuwo wonke umoba
- Lesi sifo sithanda indawo epholile futhi emanzi
- Singaholela ekulahlekelweni isivuno okukhulu
- Impova ephuzi ingabambelela ezimpahleni
- Isibulala-sikhutha esibhalisiwe siyatholakala

# Ukuthomba okuphuzi

## *Uhlobo*

- Isikhutha: *Puccinia kuehnii*

## *Izimpawu*

- Amashashaza aphuzi sansundu angaba u 3- 8mm ubude x1-2mm ubukhulu
- Impova ephuzi kumaqabunga amasenzansi
- Amasimu ahlaselekile aba phuzi okusansundu
- Amashashaza ayaqoqelana kwimaphezulu leqabunga

## *Okunye ngalesi sifo*

- Sitholakala kumoba onezinyanga ezingaphezu kwezisithupha
- Lesi sifo sithanda indawo efudumele futhi eswakeme
- Singaholela ekulahlekelweni isivuno okukhulu
- Xhumana neThimba Lezifo Nezinambuzane uma sitholakala lesi sifo
- Isibulala-sikhutha esibhalisiwe siyatholakala

**Asikatholakali kumoba eNingizimu Afrika**

# Amachashaza ansudu

## *Uhlobo*

- Isikhutha: *Cercospora longipes*

## *Izimpawu*

- Amashashaza ansundu sakuba mnyama angaba u 15 mm ubude X 3 mm ubukhulu
- Amshashaza amise saqanda anombalana osaphuzi emaqabungeni

## *Okunye ngalesi sifo*

- Sitholakala kakhulu ehlobo

# Amachashazi ayizindilinga

## *Uhlobo*

- Isikhutha: *Leptosphaeria sacchari*

## *Izimpawu*

- Amashashaza angaqondakali angaba u 10 mm ubude noma ngaphezulu
- Amashashaza ansundu satshani obomileyo abanemidwebo emnyama
- Lapho kwakheka khona impova kuba mnyama, kugqame kumashashaza asemadala
- Amashashaza akwimaphezulu nengaphansi leqabunga

## *Okunye ngalesi sifo*

- Sitholakala unyaka wonke
- Sibonakala kakhulu kumaqabunga asemadala

# Amachashazi aphuzi

## *Uhlobo*

- Isikhutha: *Mycovellosiella koepkei*

## *Izimpawu*

- Amashashaza angaqondakali angaba u 10 mm ukuvuleka
- Amashashaza aphuzi ashintsha abe bomvu satshe ngokuhamba kwesikhathi
- Amashashaza akwimaphezulu nengaphansi leqabunga

## *Okunye ngalesi sifo*

- Sitholakala ezindaweni ezipholile, ezimanzi

# Amachashazi abomvu emaqabungeni

## *Uhlobo*

- Isikhutha: *Dimeriella sacchari*

## *Izimpawu*

- Amashashaza ayindilinga ayi-12 mm ukuvuleka
- Amashashaza aqoqelana ndawonye kwimaphezulu leqabunga
- Amashashaza abonakala kakhulu kumaqabunga asemadala (iqabunga lesihlanu nelesithupha)

## *Okunye ngalesi sifo*

- Sitholakala ezindaweni ezifudumele, eziswakeme

# Amachashazi asaliso

## *Uhlobo*

- Isikhutha: *Bipolaris sacchari*

## *Izimpawu*

- Amashashaza asaqanda angaba 1 – 6 mm ubude x1-3mm ubukhulu
- Amashashaza asemadala ababomvu sansundu nemidwebo ephuzi sansundu
- Imidwebo ebomvu sansundu ebakumashashaza ize idlule nakwimaphezulu leqabunga

## *Okunye ngalesi sifo*

- Sitholakala ezindaweni ezipholile, eziswakeme

# Isihlava i-Eldana

*Eldana saccharina* (Lepidoptera: Pyralidae)

## *Sibonakala kanjani*

- Iyaphithizela, insundu, inomzimba osaskhumba
- Sihamba siyephambili futhi siyakwazi ukuhamba sihlehle

## *Izimpawu*

- Ukuba khona kwaso kubonakala ngokusandle imvamisa okuba kugoqo lomoba lesithathu uma usuka phansi
- Umonakalo waso ubonakala uma usika ugoqo phakathi nendawo
- Lapho kudaleke khona umonakalo wokubhoboka kuba bomvu

## *Imibono*

- Sidala umonakalo omkhulu oholela ekulahlekelweni isivuno
- Kungenzeka kufuneke uthathe izinyathelo uma sibonakala
- Singena ngeso logoqo

# Isihlava i-Sesamia

*Sesamia calamistis* (Lepidoptera: Noctuidae)

## *Sibonakala kanjani*

- Sibomvu ngokuphaphathekile futhi asinyakazi kakhulu njenge sihlava i-eldana
- Asikwazi ukuhamba sihlehle

## *Izimpawu*

- Sibulala inhliziyo kumoba osemncane
- Iqabunga lokugcina linqamuka kalula futhi lingaba nephunga elibi
- Izimbobo esiphuma kuzo ziba maphezulu nesiqu somoba

## *Imibono*

- Sidala umonakalo omkhulu oholela ekulahlekelweni isivuno
- Siyaphanjaniswa ne-Busseola emhlophe

# Isihlava i-Chilo

*Chilo sacchariphagus* (Lepidoptera: Crambidae)

## *Sibonakala kanjani*

- Isibungu siba nemidwamidwa

## *Izimpawu*

- Izimbobo ezingajulile kumaqabunga
- Umoba uhluma emaceleni
- Izimbobo ezibomvu ziba maphezulu kwisiqu

## *Imibono*

- Sidala umonakalo omkhulu e-Mozambique
- Siwubungozi obuqaphwe kakhulu kwimboni kashukela eNingizimu Afrika
- Siyafana nesihlava sombila (C. partellus) sihlukaniswa elebhu

**Asikatholakali kumoba eNingizimu Afrika**

# Izintwala zomoba

*Fulmekiola serrata* (Thysanoptera: Thripidae)

## *Zibonakala kanjani*

- Uma sezizindala ziba mnyama noma nsundu, zibe zinde ngemilimitha elilodwa
- Isibungu sibaphuzi sibe namehlo abomvu

## *Izimpawu*

- Amaqabunga ayabophana, ome aphinde agoqane
- Zidala umbala ophuzi sakuba mhlophe emaqabungeni avulekile
- Unqenqema lwamaqabunga lungafa futhi lube nsundu

## *Imibono*

- Zitholakala ngokuvula amaqabunga okugcina

# Ithuku

Izinhlobo ezahlukahlukene (Coleoptera: Scarabaeidae)

## *Libonakala kanjani*

- Isibungu esimhloshana noma esimpunga esimise okwesikela
- Amabhungane anegobolondo eliqinile, ababomvana ngokunsundu futhi abemnyama (made ngo 19 – 25 mm)

## *Izimpawu*

- Umoba ubaphuzi, ubhashe, ube namapheshu, futhi ungangakhiqiza kahle isivuno nehlumela lingamili kahle
- Amaqabunga aya ngokuya ephela kanti futhi ithuku lingabulala ingezansi lesiqu lokhu kuholele ekufeni komoba

## *Imibono*

- Litholakala kwizixhathi zomoba uma umba

# Izintothoviyane namaqhwagi

Izinhlobo ezahlukahlukene (Orthoptera: Acrididae)

## *Zibonakala kanjani*

- Izinambuzane ezinemiconjwana yemilenze emide

## *Izimpawu*

- Zidla amaqabunga

## *Imibono*

- Zitholakala kakhulu ehlobo
- Ukuqubuka kwazo kudalwa ukuthi izulu lomise kakhulu ngaphambi kokuqala kwezimvula ehlobo.

# Izibungu zompayi/zetashi

Izinhlobo ezahlukahlukene (Lepidoptera: Noctuidae)

## *Zibonakala kanjani*

- Izibungu ezimidwamidwa ngokumnyamana nokunsundu

## *Izimpawu*

- Umoba omncane ungaphelelwa amaqabunga wonke
- Indle eyimpuqumpuqu maphansi nesiqu sesitshalo

## *Imibono*

- Zihlasela amaqabunga amahlumela asemancane ngoMbasa kuya kuLwezi
- Izibungu zidla ebusuku bese emini zicasha ngaphansi kopayi/ kwetashi
- Zilawulwa ngezilwane zemvelo

# Amaye

*Spodoptera exempta* (Lepidoptera: Noctuidae)

## *Abonakala kanjani*

- Isibungu esimnyama nokuluhlaza esimidwamidwa emhlophe nokuluhlaza mangenzansi

## *Izimpawu*

- Umoba omncane ungaphelelwa amaqabunga onke

## *Imibono*

- Izibungu zihamba ngamaqoqo
- Izibungu zidla uma sekuzodlula ihlobo, umoba uyakwazi ukululama
- Alawulwa ngezilwane zemvelo

# Ibhu eligoqa amaqabunga

*Marasmia trapezalis* (Lepidoptera: Crambidae)

## *Libonakala kanjani*

- Isibungu esiluhlazana sakubaphuzi esinekhanda elinsundu

## *Izimpawu*

- Amaqabunga ayagoqana
- Isihlava sitholakala eqabungeni eligoqene elinendle esampuqumpuqu kanye nosilika
- Simidwamidwa ekhanyayo engashintsha ibe bomvu

## *Imibono*

- Lilawulwa ngezilwanyana ngokwemvelo

# Izimbungulu zomoba/ Isicwebecwebe

Izinhlobo ezahlukahlukene ( Hemiptera: Aphididae)

## *Zibonakala kanjani*

- Izinambuzane ezinomzimba othambile
- Zitholakala mangezansi kwiqabunga

## *Izimpawu*

- Zikhanda amachashaza abomvu ahlangene afana nadalwa ubukhuphe
- Ukukhutha okushelelayo okudaleka kumathe alezi zimbungulu.

## *Imibono*

- Zisabalalisa izifo
- Bheka ikhasi 76-77 ngolwazi ngezimbungulu eziphuzi zamaqabunga omoba

# Ubukhuphe

Izinhlobo ezahlukahlukene (Acarina)

## *Bubonakala kanjani*

- Abubonakali ngehlo lenyama
- Buba nobulwembu emqabungeni

## *Izimpawu*

- Amachashaza abomvu emaqabungeni
- Amasimu ababomvu noma nsundu kube ngathi umoba uthombile

## *Imibono*

- Buhlasela kakhulu uma lomisile

# Umuhlwa

*Macrotermes natalensis* **(Blottodea)**

## *Ubonakala kanjani*

- Umzimba othambile, onomubala osakhilimu kuba ngathi izintuthwane

## *Izimpawu*

- Ngesikhathi udla, umuhlwa uhlasela umoba phansi emhlabathini
- Ukwakheka kwamagquma maphansi ogoqweni
- Ungaholela ekuweni kogoqo

## *Imibono*

- Uhlala ezidulini
- Umonakalo komoba uhlobene nowesomiso

# Imisundu elimaza izimpande zomoba

*Meloidogyne, Xiphinema, Pratylenchus, Paratrichodorus*

## *Ibonakala kanjani*

- Isibungu esingabonakali ngehlo lenyama. Kudingeka kuthathwe isampula lomhlabathi nelezimpande ukuhlonza
- Ayibonakali ngeso lenyama

## *Izimpawu*

- Umoba uyabhasha, ukhule ngokungalingani amaqabunga acije
- Izimpande zibambalwa zibemfishane zinqundeke

## *Imibono*

- Umonakalo uba mkhulu endaweni eyisihlabathi
- Ukuthathwa kwesampula lomhlabathi nelezimpande kuyisweilebhu ikhona okungaveza ukuthi lemisundu ikhona yini.
- Ilawuleka ngesibulala-misundu kanye nokugcina isitshalo sinempilo

# Ibhungezi elisasiginqabulongwe lomoba (i-Longhorn)

*Cacosceles newmannii* (Coleoptera: Cerambycidae)

## *Libonakala kanjani*

- Isibungu esimhloshana saphuzi esingu-9 cm ubude, esinekhanda elimnyama sansundu elinezimponjwana zokuhogela
- Isiphungumangatha esinomzimba othambile esembethe umhlabathi
- Umaselilidala libamnyama sansundu, awesifazane abamade ngo-35 mm awaselisa abamade ngo- 47 mm abenezimponjwana zokuhogela

## *Izimpawu*

- Kuba neziduli ezinezimbobo kwizixhanti zomoba ngaphansi komhlabathi, izimpande zibonakale kwisiqu somoba ngaphezu komhlabathi
- Iziqu ezibhashile, ezigobile ezingasiphuleka kalula phansi futhi inhliziyo yomoba iyafa

## *Ukusilawula*

- Khipha/ bulala umoba ohlaselekile, uphumuze insimu okungenani unyaka owodwa.

# Izimbungulu eziphuzi zamaqabunga omoba

*Sipha flava* (Hemiptera: Aphididae)

## *Zibonakala kanjani*

- Iziphungumangatha nezimbungulu ezindala zibaphuzi satshani
- Izimbungulu ezindala: 1-2 mm ubude, azibinazo izimpiko isikhathi esiningi kodwa ezesifazane ezinezimpiko kuyenzeka zibe khona
- Iziphungumangatha: azibi nazo izimpiko futhi zincane kunezimbungulu ezindala

## *Izimpawu*

- Zidla kwingaphansi leqabunga, okuholela ekubeni phuzi/bomvu nokusamachashaza ansundu kwiqabunga
- Uma zizodla isikhathi eside lokhu kudala ukufa kwamaqabunga lesithathu kuya kwelesihlanu – ungalahlekelwa esivuno esingu- 20%
- Umoba ungaphansi kwemitha elilodwa ubude uhlaseleka kalula omdala awuhlaseleki kalula.

## *Imibono*

- Hlola amasimu ngaphambi kokuba ufuthe isibulala-sinambuzane esibhalisiwe
- Zikhona izibulala-zinambuzane ezibhaliselwe ukubulala lezimbungulu, kodwa umlimi kumele ahlole amasimu abonisane nomeluleki ngezinyathelo ezisebenzayo ezingathathwa zokuvimbela
- Umoba ozoya esigayweni uyahluka ekumelaneni nalezi zimbungulu

# Amaye i-Fall Army worm

*Spodoptera frugiperda* (Lepidoptera: Noctuidae)

## *Abonakala kanjani*

- Isibungu esimnyama nokuluhlaza esinemidwamidwa emnyama. Ekhanda sino-Y obheke phansi

## *Izimpawu*

- Isibungu sidla amaqabunga okugcina asamencane, siholele ekubhobokeni kwamaqabunga
- Asibhobozi lapho kukhula khona umoba

## *Imibono*

- Sitholakala kumoba eNingizimu Afrika kodwa bomonakalo eziwenzayo awukaziwa
- Zikhona izibulala-zinambuzane ezibhalisiwe ukuvimbela ukuqubuka kwalesisibungu kumoba eNingizimu Afrika

